

SA's Leading Past Year

Exam Paper Portal

STUDY

You have Downloaded, yet Another Great Resource to assist you with your Studies 😊

Thank You for Supporting SA Exam Papers

Your Leading Past Year Exam Paper Resource Portal

Visit us @ www.saexampapers.co.za



SA EXAM
PAPERS



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPA LOKUQALA (P1)

IMEMORANDAMU

NOVEMBA 2015

AMAMAKI: 80

Le memorandamu inamakhasi ayi-7.

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1

- 1.1 1.1.1 Ngonyaka we-1983. (1)
- 1.1.2 Wayedume ngokudansa umdanso we-Ballet. (1)
- 1.1.3 Kwakufanele ayohlinza isiguli esasinekhensa esibhedlela/
kwakufanele aye emsebenzini. (2)
- 1.1.4 Ezimbili/(2) (1)
- 1.1.5 UNolly wawa bhu phansi esesiteji/Umama kaNolin washona engozi
yemoto. (2)
- 1.1.6 Ubaba wakhe wabashiya uNollin enonyaka owodwa vo/
waphindela eMexico ngoba wayengowokuzalwa khona. (2)
- 1.1.7 Wayehlanguise i-Ballet nomdanso waseMexico. (2)
- 1.1.8 Isihlonipho/Ukuhlonipha. (1)
- 1.1.9 (a) Kwashaywa izandla kakhulu/kwabanga umsindo okhombisa
injabulo (2)
(b) Umntwana ufuzwa abazali bakhe ngobuhle noma ngobubi. (2)
- 1.1.10 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
Washiywa nguyise esemncane.
Washonelwa ngumama.
Wahlupheka esehlala noyise/wahlukunyezwa uyise
Wayengenabo abangani uma efika eMexico. (2)
- 1.1.11 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
UNollin wabuyela emdansweni.
Wangenela umncintiswano wonyaka eMexico.
Wawina iNdebe yoMhlaba emncintiswaneni wokudansa
owawungonyaka wezi-2002
Waduma umhlaba wonke.
Wamfundisa ukuhlanguisa imidanso. (4)
- 1.1.12 Yebo wayekwazi ngoba:
Wakwazi ukufundisa uNollin umdanso waseMexico.
Waba ngumqeqeshi wakhe esedansa ezingeni eliphakeme. (2)

- 1.2 1.2.1 Ukuthumela umyalezo omfishane ngomakhalekhukhwini/ngeselula. (2)
- 1.2.2 Yindlela ambuka ngayo/Ubuso bukhombisa ukucasuka/ukudinwa. (1)
- 1.2.3 B/ukuba nemali eningi. (1)
- 1.2.4 Izimpendulo ziyokwehluka:
Ngangiyosukuma ngimshiye.
Ngangiyomcela ukuthi awubeke umakhalekhukhwini/iselula yakhe.
(Nokunye okunembayo) (2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2

Ukufingqa kumele kumakwe ngale ndlela:

- **Ukwabiwa Kwamamaki:**
 - Amamaki ayi-7 ngamaphuzu ayi-7 (Iphuzu lilinye labelwa imaki elilodwa).
 - Amamaki ama-3 abelwa ukusetshenziswa kahle koLimi.
 - Isamba samamaki yi-10.
- **Ukwabiwa Kwamamaki Okusetshenziswa Kolimi Uma Umfundi Esebenzise Awakhe Amagama:**
 - Iphuzu eli-1 kuya kwama-3: Uklonyeliswa ngemaki eli-1.
 - Amaphuzu ama-4 kuya kwama-5: Uklonyeliswa ngamamaki ama-2
 - Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: Uklonyeliswa ngamamaki ama-3.
- **Ukwabiwa Kwamamaki Okustsheziwa Kolimi Uma Umfundi Ecaphune Njengoba Kunjalo:**
 - 6-7 amaphuzu alikho imaki lolimi
 - 1-5 amaphuzu uthila imaki eli-1lolimi
- **Ukubalwa Kwamagama:**
 - Abamakayo kulindeleke ukuthi babale inani lamagama asetshenzisiwe.
 - Awekho amamaki asuswayo uma umfundi engalibhalanga inani lamagama asetshenzisiwe noma elibhalile kodwa kungesilona.
 - Uma inani lamagama asetshenzisiwe leqiwe, omakayo kumele afunde amagama amahlanu ngaphezu kwesibalo esinqunyiwe angabe esakunaka okunye okuza emva kwalokho. Indaba efingqwe ngamagama angaphansi kwenani elibekelwe ibe inawo wonke amaphuzu abalulekile inikezwa wonke amamaki.

Amaphuzu angabhekwa:

	Amaphuzu Alindelekile		Amaphuzu acashunyiwe
1.	Inja iyamsiza umnikazi wayo ngokubanga umsindo uma esenkingeni ukuze abantu babone okwenzekayo.	A	Umnikazi wayo uma evelelwa ingozi iyakhokotha.
2.	Inja iyakwazi ukuthungatha umkhondo womuntu ofunwayo.	B	Amaphoyisa ayazisebezisa izinja ukufuna umuntu olahlekile.
3.	Ziyagada emakhaya ukuze kungangeni izigebengu ezizontshontsha.	C	Imizi eminingi ifuye izinja ukuze zigade amakhaya angagqekezwe kalula.
4.	Ziyasetshenziswa ukuzingela izinyamazane.	D	Kukhona izinja ezifuyelwa ukuzingela.
5.	Abantu abangaboni basizwa yizinja ukuze bakwazi ukuya lapho befuna ukuya khona futhi bangalimali.	E	Kukhona izinja ezifuyelwa

6.	Izinja eziqeqeshiwe ziyakwazi ukuqoqa nokulanda amaphepha uma efika ngeposi.	F	Izinja ziwusizo olukhulu emphakathini kubantu abangaboni emehlweni abayizimumputhe.
7.	Amaphoyisa ayazisebenzisa uma efuna ukuthola izidakamizwa kanye namabhomu afihliwe.	G	Ziyasetsahenziswe futhi nokuhogela izidakamizwa kubantu nasezimpahleni.

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

ISIQEPHU C: UKUSETSHENZISWA KOLIMI

INDLELA YOKUMAKA:

1. ISIPELINGI/UBHALOMAGAMA:

- Izimpendulo eziyigama elilodwa azinikezwe amamaki noma kunephutha ekubhalweni kwegama ngaphandle uma kushintsha umqondo wegama.
- Uma izimpendulo zingumusho ophelele; abafundi mabaphucwe amamaki uma iphutha liphathelene nokusetshenziswa kolimi.
- Uma impendulo ifuna izifinyezo; makusetshenziswe uphawu olufanele lokubhala/lokuloba.
- Ukwakhiwa kwemisho makwenziwe ngendlela kusetshenziswe ulimi olufanele kulandelwe imiyalelo yombuzo.

2. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ephelele kanje: UThoko noma A (okuwuhlamvu oluphelele).

UMBUZO 3

3.1 OKUKUKODWA kwalokhu okulandelayo:

UMaskandi
I-Jazz
I-Hip-Hop
Owokholo
Isicathamiya

(1)

3.2 Izinsuku ezintathu/Izinsuku ezi-3

(1)

3.3 B/Umculo

(1)

3.4 Ukuthenga ithikithi e-Computicket.

(1)

3.5 ABABILI kulaba abalandelayo:

Isidingo Cash and Carry
Buya Building Constructions
Amandla Tavern
Ubisi Livestock

(2)

- 3.6 Ofunda isikhangisi usheshe abone ukuthi kukhangiswa ngani/ukugqamisa isikhangisi/ukuheha abantu. (2)
- 3.7 Izimpendulo ziyokwehluka:
Isibonelo: Abantu bayahlupha/bayalwa uma sebephuzile.
Budayiswa ngaphakathi.
(Nokunye okunembayo) (2)
[10]

UMBUZO 4

- 4.1 UMpho. (1)
- 4.2 Uwucoshe phansi ekilasini/Awuthole phansi. (1)
- 4.3 4.3.1 lo/lona
4.3.2 lowo (2)
- 4.4 Uthisha uzama ukugcizelela inkulumo yakhe/akushoyo kubafundi.
(Nokunye okunembayo) (2)
- 4.5 Izimpendulo ziyokwehluka.
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
Kungabanga ikhensa yamaphaphu.
Kungenza umuntu antshontshe uma engenayo imali yokuthenga ugwayi.
Kuyangenana, umuntu angabe esakwazi ukuyeka ugwayi.
Kudala iphunga elibi emzimbeni nasemlonyeni wobhemayo.
Kuhlukumeza nabaseduze kobhemayo bebe bengabhemi bona.
(Nokunye okunembayo) (2)
- 4.6 Yebo akamesabi ngoba wakwazi ukukhomba uMpho ngaphandle kokunanaza abanye abafundi besaba. (2)
[10]

UMBUZO 5

- 5.1 5.1.1 Abantu bayaphuza kakhulu. (1)
- 5.1.2 Dkt. (1)
- 5.1.3 Ukwenzasamuntu/Isenzasamuntu/ihaba (2)
- 5.1.4 Abantu bahlala ezitaladini **zedolobha/zasedolobheni** ngenxa yotshwala. (1)
- 5.1.5 Nya.
Isibonelo. Izinyembezi ziyokwesulwa **nya** mhla safika ezulwini. (2)
- 5.1.6 B/ephoqayo. (1)

- 5.1.7 Izithelo. (1)
- 5.1.8 Kukhona izingane eziphuza njalo ngoMgqibelo kusukela ngehora lesi-7//**lesikhombisa** ebusuku kuze kuse. (2)
- 5.1.9 Isibonelo: Ngiyajabula ngoba ngeSonto ngiyashada. (2)
- 5.1.10 Ejele. (1)
- 5.2 5.2.1 Umuzwa wokucasuka/wokuthukuthela/wokudinwa. (1)
- 5.2.2 Inkolelo engaguquki. (2)
- 5.2.3 D/ingubo enhle kakhulu. (1)
- 5.2.4 Phela uyayidla indwangu futhi uyisimomondiya. (2)

AMAMAKI ESIQEPHU C: 40
AMAMAKI ESEWONKE: 80